Ilanga lase Natal, 21 November 1919.

NEWSPAPER: *Ilanga lase Natal*
DATE: 21 November 1919

LEGEND:
[ ? ] incomplete, illegible word(s)
[ ] notes and words by transcriber

OFFENSIVE WORDS/TERMS: Nil

TRANSCRIBER:
Sizakele Gumede for FHYA, 2022.
Student, MA in Historical Studies, UCT.

CONTENTS:
Langalibalele's family.

# AmaHlubi

(NGU M. M. FUZE)

'1' Umhlaba wakawa Mazibuko induna; '2' uNgwadhla umnumzana; '3' uMbhobho kaMakata wakwa Tshabalala, uyise owabulawa uDingane mdhla ebulala uDhlomo kwaZulu; '4' uNtshumayelo wakwa Hlubi no Gibabanye umkake; '5' uLuhangu kaFunwayo wakwaMayaba noNgangaza noMbungumbu abafowabo 'abafika emaHlutshini be udwendwe lweNdhlovukazi okaSobhuza'; '6' uJojo Radebe nomkake nabafowabo; '7' uNani ka Matshiulane wasemaNcubeni owabe iMboza KwaZulu.

Umntwana uSiyepu wabe efunda esikoleni Ekukanyeni kanye nabanye abafana bomuzi wakubo, oYetsheni kaNtambama umfowabo kaLangalibalele, naoNgoza kaFunwayo Mayaba umfowabo kaLuhangu, nabanye abafana abatile.

UMhlaba wabe namakosikazi amabili onina kaAdonsi no Vuso. Onina babo babe nezintombi eziningi, ezikanye noMawala owabe efungwa yizo zonke. UMbombho wabe namakosikazi amabili okaNdumo noka Madhlikiyane 'owazala uMahoiza'.

Kwakukhona uMbizana kaRobhe wasemaDungeni, enenkosikazi nendodana uMlandu, naodadewabo abane, omunye owendela kuZatshuke kaLangalibalele.

Babehlezi ngokutandana nokuzwana okukulu bodwana kanye nabantu bonke abafike bakile, kwaza kwaba kona ukutatana pakati kwabo.

Amanye amaHlubi ayehlezi kwaMpumuza, amanye eNadi, amanye emLazi, amanye Edendale esikoleni endhlini yomfowabo wenKosi uJohn Zulu Mutimkulu, lapo kwalimala kona enye inkosikazi unina kaSambane, owehlelwa ingozi embi kwadilika isitini endhlini ese indala, samtshaya enhloko wafela kona lapo. ENadi lapo kwakuhlala uMawewe ezalwa yindodakazi yenKosi yasemaHlutshini, owabesetunywa yinKosi uma ibizelwa ukuyokunisa imvula kwaZulu nakwezinye izindawo; nguye owabese kwazi ukunisa imvula. Yena wabehlezi emzini kaQambi wakwaZondi, umnumzana omkulu owaziwayo, uyise kaGegege. Abanye behlezi kwaYamela umfo kaPangandawo owagcina ngokuba yindun'enkulu kaMalimati kwaZulu emva kwoba sekuciteke elakwaZulu.